*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Ingabe ukhona onjengami?*
Illustrated by Jess Jardim-Wedepohl
Written by Fred Strydom
Designed by Stephen Wallace
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 June 2015.

ISBN: 978-1-928377-55-9

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# *Ingabe ukhona onjengami?*



*Fred Strydom* *Jess Jardim-Wedepohl* *Stephen Wallace*

Kazi ngabe ukhona yini
omunye oyimi emhlabeni.



Ofana ncimishi …



… futhi okhuluma njengami.



Futhi nonezinwele ezigoqene njengezami.



Umuntu onamehlo
kanye nezindlebe zami.



Ohleka njengami imbala.



Okwazi ukwenza engikwenzayo …





… futhi ongakwazi ukwenza
engingakwazi ukukwenza.



Sengibheke yonke indawo
ukuze ngithole omunye oyimi.

Ngehle ngaya epaki ukuze
ngibheke ngemuva kwezihlahla.







Ngibheke ndawo zonke, phansi naphezulu …

Angimtholanga ndawo omunye oyimi.



Munye kuphela oyimi emhlabeni!
Ngikhethekile, futhi kuyiqiniso lokho!



Kodwa akumina ngedwa, awuboni yini?
Munye kuphela onguwe!



